# Umncintiswano Wokulwa nesikathi

## Imisebenzi

1. Shintsha lendaba ibe ngumdlalo

*Abafundi abathathe izindima ezihlukene bafunde inkulumo mpendulwano
*Abafundi kumele badlale indima yezilwane
*Zicabangeni umdlalo wenu uzovela kwis'qephu kumabonakude
*Yenza kube umunyu nozwelo

2. Yakhani ingoma yalo mdlalo

*Ungakwazi ukwethula umsindo owenziwa yi-ambulensi?
*Ukuhala komndeni endaweni ephuthumayo?
*Ukujabula?

3 Thola

*Umuntu onjani ongaba kweziphuthumayo?
*Ungathanda ukudlala indawo yokusiza abantu?
*Kungani usho lokho?
*Uma ucabanga uBheki no Sisi basebenza kahle ndawonye?
*Yenza ucwaningo, lunjani uqeqesho um'phuthumi aluthola yo.

4 Ubani egunjini lokufunda owake walunywa yinja?

*Ikati noma uJakalasi?
*Sixoxele indaba yakho
*Waxazulula kanjani ukuthi walunywa yinja?

5 Ubani egunjini lokufunda ophatha umakhalekhukhwini

*Unazo izinombolo eziphuthumayo ohlwini lwakho?
*UBheki no Sisi ucingo lwabo lokuqala belungadingekile
*Kunini lapho kumele kufonelwe i-ambulensi?
*Yenza isikhangiso nezinombolo eziphuthumayo uzinamathisele odongweni lasegunjini lakho lokufundela

6. Kungabe isikole senu sinazoYini izimfanelo zosizo lokuqala na?
uma cha, kumele nisebenze ndawonye nihlanganise izinto nenze ibhokisi elibalulekile, elinesiphambano esibomvu nenzele ikhithi yosizo lokuqala. Nithole indawo ebalulekile elizohlala kuyo.

7. Yenzani umkhangiso egunjini lenu elikhombisa inqubo yokubhekana nokulunywa yinja. Nenze um'ngcele obomvu kumkhangiso wenu

8. Benazi ukuthi uma umuntu ekuluma amagciwane maningi kunamagciwane aphathwa yinja uma ikulumile. Kungenzeka ukuthi umuntu aphathe isifo samarabi, phenya ngaloludaba.

**Ingxoxo**

**Kungani kubalulekile ukungaxhamazeli uma ezinye izinhlobo eziphuthumayo zenzeka?**
**Yiziphi izibophezelo zamalungu ahlukahlukene omphakathi?**

# IHolidi lika Siyabonga Elibi

## Imisebenzi

1. Yenzani umdlalo nisebenzise indaba KaSiyabonga

-Abafundi abathathe izidima ezihlukene bafunde inkulumo mpendulwano
-Faka izenzo zakho futhi
-Abafundi kumele badlale indima yezilwane
- Cabanga umdlalo wenu uqoshwa kumabonakude
- Faka imizwa nozwelo

2. Qoqani noma nenze impala nezinye izinto enizozidinga kulomdlalo

-Igama elithi props livela kwizinto noma izindawo ezisetshenziswa uma kudlalwa umdlalo.
-Kulomdlalo nizodinga izinduku zika Siyabonga, iketanga lenja noma intambo nesicathulo.
- Ningathola ne tray lika malume ezolethela uSiyabonga ikhofi lakhe.

3. Maningi amathuba okucula nidanse kulomdlalo

-Ningaqagela iculo elimnandi labantu abahamba ngetekisi, umculo wenja ikhonkhotha ibophelekile, iculo labazala becashile besaba ngasemfuleni, iculo lokuvalelisa uSiyabonga uma eseya kubo
-Umdlalo onomculo nicula kuyixenye yenkulumo mpendulo inegama elibalulekile.
-Uyalazi ukuthi libizwa ngani?

4 Tholani umsebenzi wezempilo eze egunjini lokufundela achaze ukuthi umsebenzi wakhe uwenza kanjani. Bese nifake imibono okuthi ningafisa ukwenza umsebenzi onjalo. Nimbhalele incwadi umvakashi wenu nimbonge ukuthi uzile wazonivakashela.

5 Zenzise engathi ungu Siyabonga

-Bhala incwadi ubhalele abazala bakho
-Cabanga amagama abo nenja yabo. Faka amagama kumkhonzo wendaba.
-Lokho kuchaza lendawo enibingelela kuyo encwadini
- Ubatshele ukuthi unyawo lwakho lulapheke kanjani. Nokuthi uyabaxolela ngalokhu okwenzeka ubhale ukuthi kungani ubaxolela. Lokhu kubalulekile kakhulu! Kucabangisise kahle.

# uCharlize olumayo

## Imisebenzi

1. Shintsha le ndaba ibe ngumdlalo
-Abafundi abathatha indima ezihlukene bafunde ne nkhulumo mpendulwano
-Kumele badale ezinye izenzo zabo
-Abafundi kumele badlale indawo yezilwane
-Cabanga umdlalo wenu uzovela kumabonakude. Yenza ngemizwa nozwelo

2. Khandani imidanso ezofakwa kulomdalo
- Ngokwesibonelo yenzani udanso ka Charlize no Skuzani, ubenempilo niwunandise, noma nidanse ukukhombisa umkhankaso wokugoma. Yenzani Ingoma yalomdanso

3. Thola okwenziwa ngamazwi okwenziwa odokotela bezilwane
- Kuyini ukuqeqeshwa kwabo?
-Ungathanda ukwenza lomsebenzi wokuba umsizi wezilwane xoxani
-Memani umsizi wezilwane eduze kwesikhungo eze azokhuluma neqembu lenu.

4. Yenza inhlolovo phakathi kwabangani bakho- laba ofunda nabo makhelwane bakho
-Ekabani inja ejovwe ngudokotela wezilwane
-Ekabani inja engajovwanga
-Uma ucabanga indawo ohlala kuyo iyadinga ukugomela amarabi, thinta abezempilo bazozo jova. Abaphathi bendawo bangasiza ngalesis' celo.

5. Abanye benu bangafuna izaziso emasangweni emakubo
-Sizanani ngokubhala noku hlobisa.
- Ungafuna ukugcina ezakho izilwane phakathi, noma izingane ezincane uzivikele ukuthi ziyogijima emgwaqeni

6. Kuyini ukuphola nokunakekela.
- Xoxani ukuthi kubaluleke ngani ukuhlanzisisa izinja zenu
- Isibonelo: izinja zesilisa azisukeli emva kezinja zesifazane, zibange isidina.
- Asizifuni izinja ezingenamakhaya anothando.

# Ingxoxo

1. Kungani uCharlize enodlame nesihluku. Ucabanga ukuthi ubeyisilulu?

2. Khuluma ngokuxhashazwa. Kungani ezinye izingane zixhaphaza? Uyisilulu sokuxhashazwa?

3. uTumi unobuntu obuqinile. Uyakwazi ukumela isimo asixazulule. Uma ucabanga uzoba ngumama oqotho ezinganeni zakhe? Kungani uCharlize emthanda kangaka?

4. Kugani izinja zijahe izimoto?

5. uTumi wenze iphutha losonhlamvukazi kwi bhodi lezimemezelo. Sithini isibizelo esiyiso?

6. Uyazi lunini usuku lokuzalwa lwenja yakho? Cabanga isipho esingathandwa inja yakho.
Ucabanga ukuthi umqondo ongasile lona? Kungani usho njalo?

7. Izinja ezincane zisheshe zisuswe komawazo.
Uma ucabanga nakuCharlize kwenzekile kanjalo? Yini engenzeka uma inja encane ithathwa ngokushesha kunina wayo?

